



SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 209 • FEBRUARY 2017

UNDUNANKULU WETHULE INKULUMO ECHAZA ISIMO SESIFUNDAZWE



UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu enkulumeni yakhe yesimo sesiFundazwe uthinte izinto ezibalulekile. Inkulumo yakhe inconye kakhulu ngoba ithinte imizwa yomphakathi wakulesisiFundazwe. **Udaba ekhasini 4**



IMBIZO KA NDUNANKULU

UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal uMnumzane Willies Mchunu umema umphakathi waseNquthu embizweni, ezoba ngoLwesithathu. Kulembizo kuzobe kubhungwa kabanzi ngezinhlelo zikaHulumeni zokuletha intuthuko. Umphakathi uyanxuswa ukuba ugcine isikhathi ngoba lembizo izoqala ekuseni.

Imininingwane ihlelwe kanjena:

08 March 2017

09h00

Maduladula (eduze kwehholo lomphakathi) • Ward 7- Nquthu Ezokuthutha umphakathi zihleliwe, xhumana neKhansela lendawo.



OKUNGAPHAKATHI



UBUBANJELWE ETHEKWINI UMGUBHO WABEZOKUVIKELA

IKHASI 4

UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMhlonishwa Willies Mnchunu uhambelo umcimbi womgubho wombutho wezokuvikela olubizwa nge-Armed Forces Day lapho bekuhlonishwa abavikeli bakuleli ngokubamba iqhaza ekuvikeleni izwe laseNingizimu Afrika.

OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI USIMAMISA IMIPHILANDAWONYE

IKHASI 6

Mnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi usubonakala unempumelelo ekuyiseni phambili umbono kaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali wokusimamisa umsebenzi wemiphilandawonye.

ITHUBA LOKUKHETHA AMAKHANSEL AMASHA ENQUTHU

IKHASI 8

Zakhamizi ezakhele umasipala waseNquthu sezizobuye zinikezwe ithuba eliyisipesheli lokuyokhetha kabusha uhulumeni wazo wasekhaya.

UMNYANGO EZINHLELWENI ZOKULWISANA NESIHLAVA ESIZIWA-FALL ARMYWORM

IKHASI 12

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ushaqeekile ukuthola ukuthi nalesiFundazwe sesifikile nakulesiSifundazwe njengoba kade sisabikwe kwamanye anjengawo Limpopo nawo North West, lapho sibonakale ngoDisemba nyakenye.

OWEZEMFUNDU KWAZULU-NATAL UNIKEZA ABAFUNDI ITHUBA LESIBILI

IKHASI 15

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali wanelisekile ngendlela eziqale ngayo izivivinyo zokuchibiyela zango 2017. Izivivinyo zokuchibiyela zango 2017 ziqale mhla zingu 22 ku Nhlolanja kanti zizophela mhla zingu 30 ku Ndasa ka 2017.

MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelzo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kibili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelw esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za Liyatholakala naku: www.kznonline.gov.za


Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu:
Mahlathi Tembe

Umhleli wamakhasi nezindaba:
Bonga Khoza

Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government



SEKUQOKWE UMPHATHI ESIZWENI SAKWAMBUYAZI KWAMBONAMBI

Bheka nje imboni yakwa RBM ibisihlele ukuba itshale imali engu six billion wama randi kulendawo kodwa ngenxa yokungabibikho komholi konke kumile.

THOBEKA MALINGA NO JOY MAKWALA

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umnumzane Willies Mchunu wethule umphathi ozosingatha izindaba zezizwe sakwaMbuyazi ngaphansi koMkhandlu waKwaMbonambi.

Lokhu ukwenze emva kokuxoxisana kuqala nomndeni wobukhosini bakwaMbuyazi.

Ubephelezelwa uNgqongqoshe wezokubuswa ngokubambisana kanye nezindaba zabaholi bomdabu uNkosikazi Nomusa Dube-Ncube.

UMacingwane wethule umnumzane Martin Mbayazi phambi kwezihlwele ebezihambele umhlangano kaNdunankulu ezinkundleni zezemidlalo eNzalabantu KwaMbonambi.

UNDunankulu uchazele izindimbane ebezihambele imbizo yakhe ukuthi lesisinqumo sithathwe yisiGungu emva kokubona ukuthi intuthuthuko yomphakathi isiphazamiseke kakhulu ngokungabi bikho komholi.

Inkosi Mtholeni Mbayazi yakthothama ngonyaka ka 2005. Emva kwalokho umndeni wasuqoka uSibusiso Mbayazi ngo 2007. Kuthe kusenjalo umndeni waxhumana noNdunankulu ubika ukuthi kwakwenzeke iphutha ngakho ke bafuna ukuba kubekwe uMkhanyiseni njengenkosi.

Kwabe sekusuka uSibusiso walufaka enkantolo loludaba ngeshwa uSibusiso waphangalala.

Emva kwalokho unkosikazi kaSibusiso waluyisa loludaba enkantolo.

Kuwo lowomyama ukungenisana nokuphuma ezinkantolo sekudale ukuba kungabibikho uzinzo esizweni sakwaMbuyazi.

Bheka nje imboni yakwa RBM ibisihlele ukuba itshale imali engu six billion wama randi kulendawo kodwa ngenxa yokungabibikho komholi konke kumile.

uMacingwane uthe isiGungu sinqume ukuba kuqoko umuntu ozoba iso likahulumeni nesizwe.

Uthe umnumzane uMartin Mbayazi uphoqekekile ukuba asebenze nomndeni wonke wakwaMbuyazi ngale kokwenzelela, abike esigungwini sakwaMbuyazi, abike kuhulumeni abuye abike emphakathini genqubekela phambili.

Ugcizelele ngokuthi, "Kodwa akayona iNkosi."

Ubambilie nje. Musani ukumvuthela ngesibamu! Asibekile umlungu, noma iNdiya kodwa sithathe umuntu enazana naye.

Uzosebenza ebukhosini nomndeni kanye nezinhlaka zezizwe." Ubesenxusa umphakathi wonke ukuba usebenzisane nomnumzane Martin Mbayazi.

Eseqondise kuMbuyazi uthe, "UMbuyazi angeke akhethe iphele emasini uzobambisana noMasipala waseMfolozi, owesiFunda, uNgqongqoshe kanye noNdunankulu.

Sifuna ama report njengoHulumeni" Eseqondise emaphoyiseni uwaxuse ukuba awenze kahle umsebenzi angachemi.

Ukhombise ukungenami ngemibhikisho yomphakathi wakwaMbonambi.

Ube sephakamisa iphoyisa walicela ukuba liniike umphakathi izinamba zalo zocingo uma kuneziphiphithipihi.

"Ngiyankhuthaza bantu bakithi ukuba ningavali imigwaqo uma ninezikhalazo. Alufuneki udlame ngoba lucekela phansi izingqalasizinda.

Kumele sisebenzisane siye phambili, singaphuli umthetho." UMacingwane ubalule ukuthi lombango wobukhosini bakwaMbuyazi ubusuhlukumeze uhulumeni kanye nabatshali bezimali. Uthe

"Lokhu kwenza ukuthi ihambane kancane intuthuko endaweni yakwaMbuyazi.

Imali yama-social responsibility lena imali ekhishwa inmboni yakwa RBM ngokwenza inzuso ngomhlaba wakwaMbuyazi isize yafika ku six billion wamarandi manje ongakwazi uRBM ukuyisa lemali la kufanele iye khona ngenxa yombango.

Uma izirkampani zilekela isizwe sikaPhunga noMageba, zakha izikole njengasesisSikhalekoMandlanzini, zizokwenza kanjani lokho uma thina njengesizwe sivala imigwaqo uma sinezikhalo?

Imboni yakwaRBM izogcina ivale ibuyele emazweni aphesheya uma ilahlekelwa umkhiqizo wayo wansuku zonke ngenxa yokuthi abantu ngentukuthelo yabo bavala umgwaqo."

Upethethe ngokunxusa ukuba kubanjiswane kwakhiwe isizwe.

Ngiyankhuthaza

*bantu bakithi
ukuba ningavali
imigwaqo uma
ninezikhalazo.*

Alufuneki udlame

ngoba lucekela

phansi

izingqalasizinda.

Kumele

sisebenzisane siye

phambili,

singaphuli

umthetho.



UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mchunu ehambisana no Nongqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube ngesikhathi ethula uMnu Martin Mbayazi ngaphansi koMkhandlu waKwaMbonambi. Isithombe: THEMBA MNTYALI

AMAZWIBELA ENKULUMO KANDUNANKULU

MAHLATHI TEMBE

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu enkulumeni yakhe yesimo sesiFundazwe uthinte izinto ezibalulekile.

Inkulumo yakhe incoywe kakhulu ngoba ithinte imizwa yomphakathi wakulesisiFundazwe.

OkaMacingwana ukubeke kwacaca ukuthi kufanele kubekwana izinguqoko kwezomnnotho ukuze kubekwane nobubha, ukuntuleka kwemisebenzi ikakhulukazi entsheni kanye nokungalingani kwamathuba.

Uthe ezomnnotho ziwumogodla wezwe ngakho ke kuyaphoqa ukuba umnnotho walesisiFundazwe uthuthuthukiswe ngamandla amakhulu. Maqondana nesomiso esike sagasela ezweni lonke uthe nokuba sibonga kuMdali ngezimvula esisanda kuzithola kodwa umphakathi uyanxuswa ukuba uqhubekile nokonga amanzi.

Umemezele nokuthi uMnyango wezobuCiko namaSiko KwaZulu-Natal bebambisene noMasipala bahlele imigubho yokukhumbula iqhawe lomzabalazo elalwela ukuba kukhululeke lelizwe uMengameli O.R. Tambo.

Maqondana nokwakhiwa komfanekiso weLembe uthe, "Ususemaphethelweni kuyothi kuphela lenyanga umsebenzi wokwakha umfanekiso weLembe ube usuphotuliwe. Uma iSilo sesizigculisile ngawo uzobe usugxunekwa kwisikhumulo sezindiza iKing Shaka International Airport." UMacingwana ubuye wasika kwelijikayo ngokhetho IoMasipala wathi, "Ukhetho IoMasipala luhambe kahle nokuba kube khona ukulahlekwa kwemiphefumulo yamaKhansela athile kodwa iningi IoMasipala



Iyasebenza njengoba sikhuluma manje. Asifundeni ukubekezelelana kwezopolitiki siyeku kahle yihihlo lomhlaba ngokuthi njalo uma kuza ukhetho sizobulalalna." Kwezemfundo ubonge abebenza ibanga leshumi ngonyaka owedlule ngemiphumela ebe ngcono ebrisuka ku 60% yaya ku 69.5%. Uncome igalelo likaNgqongqoshe uDLungwana nomNyango wakhe. Uthe uHulumeni usazoghubeka nokumeseka ukuba imiphumela ibe ngcono nesiko lokufunda lisimame kuzo zonke izikole. Maqondana nokuhlalisana kahle

nabntu abaavela kwamanye amazwe ikakhulukazi eAfrika unxuse umphakathi wakulesisiFundazwe ukuba uhlalisane nabo ngokuthula.

OkaMacingwana ubuye wathintu ukuthi kuwumgomu kahulumeni awuholayo ukuba kuvikelwe labo abangenamandla njengalabo abanebala elimhlophe, abakhubazekile, abesifazane kanye nezingane. Odabeni Iwezidakamizwa uhlabe umkhosi wawubhekisa kubaholi bezenkolo kanye nomphakathi jikelele ukuba kubanjiswane ukuze lesishlava siqedwe ikakhulu entsheni.

UBE IMPUMELELO UMKHULEKO WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

CUTHBERT NUZA NO NOLWAZI NUZA

mvula ebiokhu iyidiva kanye nesimo semigwaqo ebensesihle ngenxa yayo imvula akuzange kuthikameze umkhuleko wesiFundazwe obuseMelmeth.

USomlomo weSishayamthetho saKwaZulu-Natal umama Lydia Johnson uyena owethule uNduanankulu waKwaZulu-Natal uMn. Willies Mchunu.

Ubonge ukhetho loMasipala olube nokuthula wabuye wabonga abaholi bezenkolo ngokuxhasa ukhetho loMasipala ngemikhuleko.

Ekhulumu kulomkhuleko uNduanankulu uMacingwane ubonge abafundisi abafike ngobuningi babo ukuzoseka umkhuleko wesiFundazwe.

Ubabonge ngokubaseka okhethweni oludlule ngoba lube nokuthula. "Kungaba yiphutha uma ngingababongi abefundisi kanye nabo bonke abazalwane abasibeku emithandazweni ngaphambi kokhetho lomasipala.

Noma zibe khona izigameko zokndlula emhlaben i kwabaholi abathile kodwa sithi siyabonga bazwalane ngokukhulekela ukhetho olunokuthula.

Kungumgomu wethu singuhulumeni wesifundazwe ukuqinisekisa ukuthi njalo uma kuqala konyaka siba nomthandazo.

Singuhulumeni wesifundazwe, siyaqonda ukuthi abaholi bezenkolo kanye nabazalwane bonke bahlale ngaso sonke isikhathi besibeka emithandazweni." Uqhube wathi, "Sonke siyakhumbula ukuthi lesifundazwe sake sahaqua wudlame Iwezopolitiki kuleminyaka edlule. Imiphakathi ehlala ezindaweni ezihlukahlukene okuhlanganisa kosiKhawini, Empangeni nakwezinye izindawo kulomasipala i-King Cetshwayo yahlukumezeka kakhulu.

Kuyajabulisa manje ukuthi kuvunguza umoya wobumbano nokuthula. Konke lokhu kungenxa

yeqhaza elibanje abazalwane abahlale begqquqzela umoya wokuthula. Singuhulumeni wesifundazwe sizibophezele ukusebenzisa nabefundisi ukwakha isifundazwe esinokuthula kanye nempumelelo."

UNDunankulu uMacingwane ubuye wazibophezelu ekusebenzeni baholi bezenkolo.

"Sizimisele ukusebenzisana nobuholi bamabandla onke kuso sonke isifundazwe sethu ukuthuthukisa izindawo zasemakhaya kanye nokugquqzela ezolimo."

Emva kwenkulomo yakhe ethakaselwe kakhulu kuge sekushumayela uMbhishobhi uButhelezi ovule kuziKronika zesibili isahluko samashumi amabili amavesi asuka kwelokuqala kuye kwangu 18. Inkulomo yakhe uyigxilise ekutheni impi akusiyi eyethu kodwa ngekaJehova.

Ubuye wakhalisa uNduanankulu ngokulahlekelwa kwakhe yizihlobo



zakhe. Kuge sekukhulekelwa uHululumeni waKwaZulu Natal kwakuhle kwanjeya. Lo mkhuleko wanonyaka wenzelwe ezinkundleni zemidlalo eNdululo, eMelmeth. Bekukhona uSomlomo umama Lydia Johnson, noNgqongqoshe Thusi, Moloi, kanye noMthembu, abantwana baseNdulunkulu njengoThulani waseZibindini, UMntwana waseNtembeni, iNkosi uZulu waKwaMondi, iziMeya ezahlukahlukene, amaKhansela

ahlukahlukene kanye nezikhulu eziphezelu zikaHulumeni. Isiqubulo salo nyaka sithi "Sekwisikhathi sokulapha imimoya kanye nokubuyisana".

Umkhuleko wesiFundazwe saKwaZulu-Natali wenziwa minyaka yonke ngaphambi kokuvulwa kwePhalamende, kukhulekelwa abaholi abehlukene abahola imiphakathi yalesisiFundazwe

Ububanjelwe eThekwini umgubho wabezokuvikela

THEMBA MNTYALI

UNDunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMhlonishwa Willies Mnchunu uhambele umcimbi womgubho wombutho wezokuvikela olubizwa nge-Armed Forces Day lapho bekuhlonishwa abavikeli bakuleli ngokubamba iqhaza ekuvikeleni izwe laseNingizimu Afrika.

Lomcimbi ubuhanjelwe izinkulungwane zabantu kanye nezikhulu ezahlukahlukene zakuleli nakwamanye amazwe.

Kulolusu bekugujwa iminyaka eyikhulu kwashona amasosha acishe abalelw ku-646 ecwila ngomkhumbi obizwa nge-SS Mendi ngomhlaka 21 February 1917 phakathi kwezwe lamaNgisi ne-France (English Channel).

UMengameli waseNingizumu Afrika uMnz Jacob Zuma ophinde abe umkhuzi wamasosha udlulise amazwe okubonga amasosha ngokuzinikela kwavo ekuvikeleni lelizwe.

Uphinde wabonga ngokuzinikela ngesikhathi sawo nangokwenza umbukiso ngazo zonke izinsiza asabenza ngazo kanye nokubonisa umphakathi ukuthi asebenza

kanjani. Kulomcimbi umphakathi ujatshulisse ngemibukiso eyahlukahlukene yamasosha akuleli kanye nombukiso lapho amasosha ekhombisa ukuthi acija kanjani uma ehlasel.



IMBIZO KA NDUNANKULU

UNDunankulu waKwaZulu-Natal uNumzane Willies Mchunu umema umphakathi waseNquthu embizweni, ezoba ngoLwesithathu. Kulembizo kuzobe kubhungwa kabanzi ngezinhelelo zikaHulumeni zokuletha intuthuko. Umphakathi uyanxuswa ukuba ugcine isikhathi ngoba lembizo izoqala ekuseni.

Imininingwane ihlelwie kanjena:

08 March 2017

09h00

Maduladula (eduze kwehhola lomphakathi) • Ward 7- Nquthu Ezokuthutha umphakathi zihleliwe, xhumana neKhansela lendawo.

UHULUMENI KUMELE USEBENZISE IBHANGE LASETHALA – ZIKALALA

SIYABONGA MAPHUMULO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa komNnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natala uSihle Zikalala uthi kumele iminynago kahulumeni kanjalo nomasiplala isebezense ibhange laseThala ukuze kuqinisekiswe ukuthi lesi sikhungo sikahulumeni sokulondoza kanjalo nokubolekisa ngemali esetshenziselwa intuthuko siyadlondlobala.

UZikalala uphawule kanje ngenkathi kwethulwa ngokusemthethweni igatsha elakhiwe kabusha lalelibhange laphaya eMlazi Mega City kulelisonto.

"Kubalulekile ukuthi zidle ekhaya. Kulamasonto ambalwa edlule cishe sonke siyibonile imphumela yokuthi sithembele emabhangeni angasese ngenkathi kwehlaluka ukuthi lamabhange ahlangeneenza umkhonyou nobungagcina ngokuwisa bhu phansi umnotho wezwe." UKhuzeni lapha wayekhulumu ngombiko osanda kuvela wokuthi ababhange amathathu amakhulukazi okuyi-Investec, Standard Bank kanjalo ne-Absa enza okuphambene nomthetho wezwe ngenkathi

ngokuhlanganyela ebumba umbimbi lokukhinyabeza umnotho wezwe ukuze enze inzozo.

Lesi senzo salamabhange esagxekwa nxazonke kubikwa ukuthi asaqala okungenani ngonyaka ka-2007 njengoba sesize sabanwa kulonyaka nje.

"Siyazi ukuthi ibhange laseThala liyisikhungo sikahulumeni esasungulelwu ukusiza abantu abamnyama, ikakhulukazi labo abahlala ezindaweni ezisemaphandleni futhi abangathathi ndawo. Ngokunjalo leli bhange yilo elaba elokuqala ukuthi lisize abantu abakhe ezindaweni ezingaphansi kwamakhosi ngemali yokwakha imizi ngenkathi amabhange angasese ebavalela isicabha ebusweni labo ababedinga usizo Iwalohluhlobo."

Eghuba uthe njengoba iThala selisungule uhlolo olusha lokusebenza oluhambisana nobuchwephese besimanje kubandakanya izinto ezifana ne-internet kanye ne-cellphone banking, akungatshazwa ukuthi lizodisela ogageni wona impela lamabhange angomafikizolo kwezokusizwa kwabantu abampofu ngezokubhanga.



"Kusijabulisa kakhulu ukuthi lthalalisezinhlwelweni zokufaka uhlelo Iwamakhompyutha amancanya okuthi amakhasimende alo akwazi ukuzisiza ngokwawo kuwo wonke amagatsha alo KwaZulu-Natali kusukela le eMkhanyakude enyakatho nesifundazwe kuze kuyoshaya eHarry Gwala eNingizimu. Phela lokhu kusho ukuthi leli bhange selivuke

Iazithatha, lizimisele ngempela ukudlisela amanye ogangeni."

OwuSihlalo weBhodi le Thala Limited, okuyilo elibhekelle ezokulondolozwa kwezimali uMalose Kekana ugcizelele enkulumweni kangqongqoshe wadalula ukuthi leli bhange lisezinhlwelweni zokuthola ilayisensi ephelele eligunyaza ukusebenza njengoba kuyalela ibhange ngodla

(Reserve Bank) ukuze likwazi ukwendlala amaphiko alo.

"Sizimisele ngokuthi kuthi kuphela u-2017 sibe sesinelaisensi ephelele nokuyosisiza ekutheni sikhuluma ukuthatha amadiphozithi ezezimali athe xaxa. Sikhuluma nje leli bhange lethu lino R600 million kanti kulemalu kukhona nebangwe omasipala abahlukene baKwaZulu-Natali," washo kanje.

Intsha ihlomule ngolwazi olunzulu kwezokuvakasha

■ Intsha kumele iqikelele ukuthi iyazibambela emathubenzi okuzisungulela izindawo zokulala amaBed and Breakfast kumbe ibe namakhono okutshengisa izivakashi izindawo ezingazivakashela

SIYABONGA MAPHUMULO

IZINKULUNGWANE zabantu abasha abebevela ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya bahlonyiswe ngolwazi ngomkhakha wezokuvakasha nokuthi bangawusebenzisa kanjani lomkhakha ukuxosha ikati eziko.

Lokhu kwenzeke ngenkathi uMnyango wezokuThuthukiswa komNnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natal uhlela umbkiso wamakhono kwezokuvakasha kanye nezamabhizinisi obizwa ngokuthi yiTourism and Entrepreneurship Careers Expo kumasipala wesifunda uThukuela entshonalanga nesifundazwe.

Lo mbukiso wezinsuku ezimbili, futhi ozobuye udlulele kumapsipala wesifunda iKing Cetshwayo enyakatho nesifunda, ubuhlanganise izinhlaka zikhulumeni kanjalo nezagasese kanti ubuhanjelwe izingane zamabanga aphezulu kanjalo nezisemalokishi okuqeleshewa amakhono. Ngokwesi lesifundazwe saKwaZulu-Natali



Iokuthuthukisa intsha iYouth Economic Empowerment Strategy ezokuvakasha ziseqhulwini kwazise zithathwa njengeminye yemikhakha engakwazi ukukhiquza

imisebenzi eminingi.

Ekhuluma nentsha ebihambele lo mcimbi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa komNnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa

kweMvelo uSihle Zikalala uthe kuyoyisiza intsha ukuthi iyibhekisisi imikhakha encike kwezokuvakasha. "Emhlabeni jikelele ezokuvakasha zithathwa

njengemboni enomthelela omuhle kakhulu ekusimamisweni komnotho wezwe.

Ngaleyondlela kungakuhle ukuthi abantu abasha basoThukela namaphethelo bawubhekisisi lo mkhakha ikakhulukazi njengoba le ndawo ihlonzwe yi-UNESCO njengezinye ezingamagugu emhlabeni ngenxa yezintaba zoKhahlamba ezbude buduze nayo. Lokhu nje kukodwa kusho ukuthi izivakashi ezivela kwamanye amazwe ziyazifela ngayo.

Ngakho-ke intsha kumele iqikelele ukuthi iyazibambela emathubenzi okuzisungulela izindawo zokulala amaBed and Breakfast kumbe ibe namakhono okutshengisa izivakashi izindawo ezingazivakashela amatour guides," kusho uZikalala.

Lo mbukiso bekuwunya ka wesihlanu uba khona kulo nyaka kanti enkathini edlule usuke wayiswa cishe kubo bonke omasipala KwaZulu-Natali.

"Emhlabeni jikelele ezokuvakasha zithathwa njengemboni enomthelela omuhle kakhulu ekusimamisweni komnotho wezwe."





Ukusungulwa kwezikhungo zokucija intsha ngamakhono eVuma naseScabazini sekuholele ekudlondlobaleni kwemiphilandawonye kulezi zindawo, nosekudale ukukhula komnotho. Lapha uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uhalalisela intsha yesifazane esigogodile kulezi zikhungo.

OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI USIMAMISA IMIPHILANDAWONYE ETHUTHUKISA INTSHA KWEZEMFUNDO NOKUQEQESHWAN

■ UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi usenze sabona ukuthi uHulumeni ubakhathalele abantu njengoba sinezitifiketi esizithole kwiCoastal TVET College

MINENHLE MNCWANGO

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi usubonakala unempumelelo ekuyiseni phambili umbono kaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali wokusimamisa umsebenzi wemiphilandawonye.

LoMnyango usuxhase imiphilandawonye lapho abantu abaqeqeshiwe abaphuma emiphakathini entulayo bezibambela bona mathupha ekwakheleni izingane zesikole imifaniswano ngokuxhaswa uHulumeni.

UMnyango ukhipha izizumbulu zemali ukulekelela lemiphilandawonye njengengxenyen yokuthuthukisa umphakathi ukuba ukwazi ukuzimela.

Amalunga enye yalemiphilandawonye, i-Mandingozeli Co-Operatives, atshele intatheli yeSIMAMA KZN ukuthi bawushayela ihlombe

uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi njengoba kunabantu asebekwazi ukuxosha ikati eziko ngenxa yomnyakazo wokwakha amathuba emisebenzi encomekayo.

Leli lunga Ialomphilandawonye lipuphuma injabulo ngabakwenzelwa uMnyango njengoba ubaxhasa ngokuthi bakwazi ukwenza umsebenzi wokuthungela izikole ezingaphezu kuka-20 imifaniswano.

UMnyango ukhipha isamba esingaphezulu kuka-R400 000 ukwenza isiqinisekiso sokuthi lomsebenzi wenzeka ngempumelelo.

Ekhuluma neSIMAMA KZN, uMnumzane Petros Ntuli, ongomunye wabasunguli beMandindozieli Co-Operatives, utuse amagalelo oMnyango esifundazweni kanye nakuZwelonke njengoba sekuqashwe abantu abangu-15 njengabasebenzi

kulomphilandawonye. Uthe: "UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi usenze sabona ukuthi uHulumeni ubakhathalele abantu njengoba sinezitifiketi esizithole kwiCoastal TVET College lapho besiqeqeshelwa khona ukusebenza ngendwangu.

"UHulumeni awugcinanga nje lapho, kodwa ukwazile ukuthi uphinde usinikeze umsebenzi wokuthungela abantwana abahluphekayo imifaniswano yesikole.

"Siyafisa ukuthi yonke imiNyango kaHulumeni inikeze imiphilandawonye amathuba khona nathi siwumphakathi sizokwazi ukuziphilisa," kusho uMnumzane uNtuli.

UMnyango awugcini lapho njengoba esinye sezikhungo zawo esiqeqesha intsha, esaziwa ngeVuma Youth Academy, esizinze endaweni yaseShowe, sesaqoka ukunika yonke imisebenzi yangaphakathi kulesi

sikhungo ukuba yenziwe imiphilandawonye yakhona endaweni.

Phakathi kwalemiphilandawonye kakhona i-Sizam'impilo, yona ephekela intsha esuke iqeleshwa ngaphakathi. Kuphinde kuge khona eyaziwa ngokuthi uMsindisi

Ufikile Co-Operative, yona efuya izinkukhu idayisele isikhungo.

Kuphinde kubekhona omunye futhi umphilandawonye okuthiwa iSiyanqoba Co-Operative, wona otshalayo udayisele isikhungo izivuno zeztishalo ezinhlobonhlob. Ikhona nenye eyaziwa ngokuthi yiGcinihlanzeko Co-Operative, yona ehlanza amagumbi namagceke esikhungo.

Konke lokhu kungenye yemizamo kaHulumeni wentando yeningi ukufukula imiphakathi ukuba nayo ikwazi ukuzimela ngenhlosu yokwehlisa izinga eliphezulu labantu abangasebenzi.

UMnumzane Siyabonga Ndlovu, obhekelele ezokuqeleshwa

eVuma Youth Academy, uthe bajabule ngokuphumelela komphakathi kulezi zinhlelo, waphinda wabalula ukuthi ikhona nentsha ekade iqeleshwa yilesi sikhungo, okuyimanje isebenza ezimbonini ezinkulu, okubalwa kuzo izinkampani ezisebenza ngokusansimbi, i-Hulamin kanye nasemahhotela aphambili, okuhlanganisa neBlue Waters Hotel eThekwini.

UNgqongqoshe waloMnyango, uNkosikazi Thusi, uhlale enxena umphakathi ukuba usungule amabhizinisi kanye nemiphilandawonye ukuze abantu bazakhele amathuba emisebenzi ngokwabo.

Uye athi: "Akusibona bonke abantu abayothola imisebenzi kuHulumeni, kodwa kumele basungule amabhizinisi, futhi luyatholakala uxhaso, ngakho-ke umphakathi awusondele uzosizakala."

"Akusibona bonke abantu abayothola imisebenzi kuHulumeni, kodwa kumele basungule amabhizinisi, futhi luyatholakala uxhaso, ngakho-ke umphakathi awusondele uzosizakala."



PREGNANCY AWARENESS WEEK

Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule sike savakashela izifunda ezaahlukene KwaZulu-Natali, lapho amantombazane eveze khona phakathi kokunye izingqinamba ezenza angayi ezikhungweni zezempiro uma ekhulelw, nokuyinto eyingozi enku.

Aveze ukuthi:

- Asuke esaba ukutshela abazali kanye nabahlekisana nabo ukuthi bakhulelw ngoba lokhu kusuke kungahlelw;
- Bayesaba ukuhlolela igciwane lesandulela-nculazi (HIV), ngoba kungase kutholakale ukuthi banalo;
- Abaqashiwe bayesaba ukutshela abaqaishi babo ukuthi bakhulelw ngoba lokho kungabalalikela ngomsebenzi ngenxa yokudinga ukuhlabi ikhefule; futhi
- Bayesaba ukuya emtholampilo ukoyohlela umndeni ngoba bathi kuyenzeka bangaphathwa kahle abasebenzi bezempiro, ababehlulelayo.

Njengoba kuwuNhloanja siqwashisa ngokubaluleka kokukhulelw okuphephile ukuze omama batete kahle, ngakho-ke lesi yisikhathi esihle sokukhumbuza labo abangazimisele ngokukhulelw ngezindlela abangagwema ngazo lokhu; bese siqwashisa labo asebevele bekhulelw ngezindlela abangazisebeniza ukuze bona nabantwana abazobazala bahlale bephephile.

Siphinde sibophezelwe umthetho ukuba sisize nalabo abafuna ukusebeniza ilungelo labo lokuthi bachihe isisu ngokuthi siqinisekise ukuthi bayawazi ukukwenza lokhu ngendlela ephephile nasendaweni efanele, bangatholi ukwehlulelw nokuwaswa.

Phakathi kwezinto esizibeke eqhwini siwuHulumeni ukwehlisiza izinga lokushona komama ngesikhathi beyobeletha, izinsana kanye nabantwana abaneminyaka engaphansi kwemihlanu. Kepha lena yimpi esingeke siyinqobe sisodwa.

Kozomele kuflanganyele abazali, abantwana babo, nabaholi bemiphakathi ngokuthi bashintshe ukwenza, kuyekwe ukuhloniza ngokuxoxa ngezindaba zocansi, ikakhulakazi olungavikelekile nomthelela walo.

Ukuzithiba kwentsha kwezocansi kubalulekile. Kepha Amantombazane asemancane uma ehluleka ukuzithiba ukuya ocansini, kumele aye emtholampilo eseduze athole izinsiza zezempiro, asebenzise uhlelo lokuzivikela okumbaxambil (i-Dual Protection).

Sithi abesilisa abasoke, kusetshenziswe ijazi lomkhwenyana njalo uma kuyiwa ocansini; bese kuthi abesimame bahlele iminden.

Lokhu kuvikela izifo ezithathelana ngokocansi, esibala kuzo i-HIV, kanye nokukhulelw okungahlelw. Sinxusa bonke abesifazane abazithwele ukuba



UNggongoshe weZempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo

bayeke ukusaba kepha bahambele umtholampilo. Lokhu kusiza ngokuthi bathole ukuhlelw. Zonke izifo ezingenza ukuthi ukukhulelw kwabo kanjalo nokuteta uma sekufike isikhathi,

kubeyingozi Kubo nezinsana.

Okuthakala ukuthi banegciwane lesandulela nculazi, sinendlela yokumeluleka umuntu, bese simulekelela ukuze umtwana angasuleleki ngegciwane, aphume engenalo.

Siphinde silekelele labo mama esithole ukuthi banegciwane bakwazi ukuphila isikhathi eside ngokuthi sibanike imishanguzo.

Ukuze omama nabantwana babo bahlale bephephile, kuzomele sonke sisihloniphe isimo sokukhulelw ngokuthi senze okufanele ngaso sonke isikhathi.

Sinxusa bonke abadlulelw izinyanga ezimbili bengayile esikhathini ukuba baphuthume emtholampilo oseduzane.

Uma kutholakala ukuthi ukhulelw uzobe usuqala ukufundiswa ukuthi owesifazane okulesi simo uphila kanjani ukuze yena nengane yakhe bahlale bephephile.

Uma ukhulelw uhlolwa izinto ezahlukene, esingabala kuzo igazi, umchamo, nesisindo sakho ukuze kusheshe kutholakale uma kukhona isifo onaso esingaba yingozi enganeni yakho.

Ukusheshe uye emtholampilo kusiza ngokuthi kusheshe kungelelw uma kuvela izingqinamba, nokuphephisa umama nomntwana wakhe.

Kubalulekile ukudla ngendlela efanenele, okubandakanya izitshalo nezithelo njengoba zikwazi ukwakha amasosha omzimba avikela izifo ezithathelanayo.

Zivocavoce kodwa hhayi ngokweqile; ujwayele nokuphuza amanzi udle nenyama ebomvu, ubhontshisi kanyenofishi, njengoba lokhu kuqinisa umzimba kwazise nengane ithembele kumama ukuthola lokhu.

Kuyasikhathaza nokho ukukhulelw kwamantombazane asemancane, neminyaka engaphansi kuka-18, ngoba asuke engakakulungeli lokho ngokomzimba nangokomqondo.

Yingakho sinxusa abazali ukuba bakhulume nabantwana babo ngezindaba zocansi.

Likhulu futhi iqhaza elingabanja abesilisa ukuseka ozakwabo babo abakhulelw ngokomqondo nangokuba seduze kwabo kuzo zonke izigaba zalolu hambo Iwezinyanga eziyisishagalolunye, kuya phambili.

Kubalulekile ukuthi nabesilisa bahlolelw igciwane lesandulela-nculazi ukuze bangatheelei ozakwabo.

Sifisa nokuphinda sixwayise abasebenzi bezempiro ngobungozi bokwehlulela intsha uma izocela usizo lokuhlela iminden.

Lokhu kungaholela ekutheni bengabe beseza emtholampilo kusiza ngokuthi kusheshe kungelelw uma kuvela izingqinamba, nokuphephisa umama nomntwana wakhe.

Sibafisela okuhle kodwa bonke abazithwele. Khumbula: impilo yakho neyomntwana wakho iseandleni zakho.

Masizivikele sisebenzise ijazi lomkhwenyana

UNGQONGOSHE wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo usenxuse amalunga omphakathi ukuthi azivikele ngokusebenzisa ijazi lomkhwenyana njalo uma kuyiwa ocansini ukuze ahiale ephephile, aphinde agweme ukukhulelw okungahlelw nokubhebhethuka kwezifo ezithelelana ngokocansi – okubalwa kuzo igciwane le-HIV.

UDkt Dhlomo usho lokhu nje, uMnyango wezeMpilo usemkankasweni wokuqwashedisa umphakathi ngokubaluleka kokuphepha kwezocansi; nokuhlelw kwemindeni njengoba inyanga kaNhloanja (February) yaziwa gno-Reproductive Health Month. Ngesikhathi kubungazwa isikhathi esaziwa ngo-Sexually Transmitted Infection and Condom Awareness Week phambilini kulenyanga, uDkt Dhlomo uwakalise ukwenama ngendlela umphakathi obukeka wamukena ngayo amakhondomu amasha abizwa nge-Max, nathulwe kuzwelone nyakenye.

“Kusukela ngo Ncwaba (August) ka-2016 uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali usuhiinzeke umphakathi ngalamakhondomu awu-76 620 kusukela ngo-Agasti

nyakenye. Amalunga omphakathi asetshengise ukuwathakaselka kakhulu lamakhondomu amasha, kanti sizoqhubeka nokusalalisa amakhulu ezigidzawo ukuthi siqinisekise ukuthi abantu abawadingayo noma bekuziphi izinkalo bayawathola,” kusho uDkt Dhlomo. Kumanje uMnyango usebenza ngokubambisana nezinhlangano ezizimele ezifana ne-TBHIV ukucinisekisa ukuthi abantu abathathwa njengabasengcupheni yokuhaqwa yicciwane lesandulela-nculazi – okubalwa kubo abasebenzi bezocansi kanye nabesilisa abalala nabanye besilisa - bayawathola lamakhondomu. “Ukuzithiba kwentsha kwezocansi kubalulekile, futhi siyakugqquqzela. Kodwa kulabo abehlulekayo ukuzithiba, sithi mabaye emtholampilo eseduze bathole izinsiza zezempiro, basebenzise uhlelo lokuzivikela okumbaxambil (i-Dual Protection). Sithi abesilisa abasoke, kusetshenziswe ijazi lomkhwenyana njalo uma kuyiwa ocansini; bese kuthi abesimame bahlele iminden. Lokhu kuvikela izifo ezithathelana ngokocansi, esibala kuzo i-HIV, kanye

nokuhlelw okungahlelw.” Nanka amathiphu angakusiza ukuze uhlale uphephile, ugweime izifo ezithathelana ngokocansi nokuhlelw okungahleli: Iba nophathina oyedwa ngoba abanigi bandisa amathuba okungenwa yicciwane le-HIV nokulibhebhethuka; Abesilisa mabasokwe ngaphansi kohlelo IwezeMpilo oluphephile, i-medical male circumcision; Sebenzisa amakhondomu ngaso sonke isikhathi uma kuyiwa ocansini; Uma unesifo socansi esithelelano (STI), iya emtholampilo ukuze uthole ukwelashwa, Hlolela i-HIV noma kanye ngonyaka, bese ugqquqzela nophathina wakho ukuthi ahlolelw iHIV, angathembeli kumphumela wakho ngoba kuyenzeka ingafani.

Uma uphathina wakho ene-HIV, ungamucwasi. Kodwa mugqquqzela ukuthi aye emtholampilo ukuze angene ohlelweni lokuthola imishanguzo, bese eyidla ngendlela ayalelw ngayo; Ukwelashwa ngemishanguzo yeHIV (ebizwa nge-antiretroviral therapy) kusiza abantu abanaleli gciwane ukuthi baphile isikhathi eside.



UNggongoshe weZempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo, eqhuba umkhankaso wokusetshenziswa kwamaCondom



“Zivocavoce kodwa hhayi ngokweqile; ujwayele nokuphuza amanzi udle nenyama ebomvu, ubhontshisi kanyenofishi, njengoba lokhu kuqinisa umzimba kwazise nengane ithembele kumama ukuthola lokhu.”



ITHUBA LOKUKHETHA AMAKHANSEL A MASHA ENQUTHU

Thina-ke njengoHulumeni wesiFundazwe, siyawusebenzisa umthethosisekelo ukunikeza nina bantu bakithi ithuba lokuba nikhethe amakhansela amasha-sha

VERNON MCHUNU

Zakhamizi ezakhele umasipala waseNquthu sezizobuye zinikezwe ithuba eliyisipesheli lokuyokhetha kabusha uhulumeni wazo wasekhaya.

Lokhu kulanlenda isinqumo sokuba kuhlakazwe umkhandlu waseNquthu, nokuyisinyathelo asegcine ephoqekekile ukuba asithathe ungqongqoshe obhekelele ezokuhulumeni basekhaya KwaZulu-Natali, kulanlenda ukhumbintethe Iwemibango yamakhansela ngaphakathi kumasipala kanye nangaphakathi ezinhlanganweni zavo zepolitiki.

Lemibango, obekucaca bha ukuthi incikene nokupolitika hhayi ukulethwa kwezidingo kubantu, ibisivele yayinsakavukela umchilo wesidwaba, nokuyisimo ebese siholele ekutheni kuze kube ngamahlandla aysikhombisa yonke imizamo yokuba kukhethwe ubuholi bomkhandlu ilokhu iphunzile.

Kulotshwa nje, kunamacala asezinkantolo, lapho khona kokunye ikhansela lizama

ukusebenzisa izinkantolo ukuvimba inhlango yalo esinqumweni esithile.

Kanti ke, bese kukaningining ungqongqoshe uDube-Ncube evakashela lomkhandlu nalapho ebefike azame ukuvuselela onembeza kumakhansela, ukuba apheze ukubeka phambili izinkanuko zavo zenhliziyo kepha aqikelele ukuthi umkhandlu usebenza ngendlela ukuze imiphakathi yendawo ikwazi ukuthola izidingo-ngqangi nentuthuko ngaphandle kobuhixhixi.

Nokho kwale ngisho iKhabinethi yesifundazwe, ngokuholwa nguNdunankulu uWillies "Mntomdala" Mchunu, isiphoqekekile ukujuba umnyango (njengokomyalelo womthethosisekelo lapho khona kunesimo esifuze lesi) ukuba kube yiwona olawula ukusebenza komkhandlu njengoba iMeya, noSomlomo namakomidi athatha izinqumo bekungakhetheki.

Impela kubenhlanga zimuka nomoya, njengoba umlawuli

obefakte nguDube-Ncube ukuba abhekelele ukuthathwa kwezinqumo ezingabe zithathwa yilobubuholi (obebungekho), naye ubezithola esefana nesandundu inambuzane engenamehlo, njengoba amakhansela abeqinisekisa ukuthi awalokothi abambisane naye.

Echaza, uDube-Ncube ulandise kanje: "Umthethosisekelo wezwe, nokuyiwona phela ongumthethongodla ukubhekelela ukuthi izwe libuseka ngendlela eyobhekelela amalungelo abantu kanye nokulandela intando yabantu, ukubeka kucace ukuthi nxashane sekuhluleke yonke lemizamo ebesesiyyamile singuhulumeni wesifundazwe, akube kusababiko-ke ukujikela emvakwendlu – ngaphandle kokuthi kumele ngiwhulkaze umkhandlu wonke, bese izakhamizi zibuye zinikezwa ithuba elisha lokuba ziphinde ziyovota njengoba bekuvotiwe nyakenye enyangeni kaNcwaba okhethweni lohulumeni basekhaya." "Elami-ke lithi kubantu bakithi, nizibonele nani ukuthi

amakhansela ebeniwhethile anenzele phansi kanjani ngokuthi achithe isikhathi eside kangaka (esevile ezinyangeni eziyisithupha), elokhu egxile kwezombangazwe, kodwa eyokulethwa kwezidingo abantu abayibheke ngabomvu, yona elokhu eyihlabi inhlali.

Ngenye indlela lamakhansela, abekhombisa nje ukuthi athi kunina bavoti 'nisikhethile nisikhethile, manje asisenandaba nani' ...

Ngenlanhla nokho siphila esikhathini sentando yenu zakhamizi, lapho khona abavoti bevikelwe ngumthethosisekelo ukuba kungadlalwa ngabo," kuhubu uDube-Ncube, esebehkisa kubantu.

"Thina-ke njengohulumeni wesifundazwe, siyawusebenzisa umthethosisekelo ukunikeza nina bantu bakithi ithuba lokuba nikhethe amakhansela amasha-sha, nokumele manje kubo ngabantu enizoba nesiqiniseko sokuthi bazokwenza umkhandlu usebenze – ungasebenzeli izisu zabo, kepha ushisekelele ukudala ikusasa elingcono emakhaya ethu."

Ngokomthetho, usuku lokhetho kulindeleke ukuba lunqunywe zingakapheli izinsuku ezingama-90 kusukela njengoba uDube-Ncube esesikhophile isinqumo sokuhlikiza lomkhandlu-mbumbulu okade ukhona.

Kanti njengenjwayelo, ukhetho Iuzosingathwa yinlangano ezimele yokusingatha ukhetho, i-Independent Electoral Commission.

"Abantu abakhele amawadi wonke ngaphansi kweNquthu, bayanxuswa ukuba baphinde baqinisekise ukuthi babhalisile ukuba bavote, nokuthi futhi banabo omazisi," kugcizelela ungqongqoshe.

Ube esephetha ngokwexwayisa ngokuthi nakweminye imikhandlu uma kufinyaniseka ukuthi akusetshenzwa ngendlela njengoba bekwenzeka eNquthu, nakhona isinqumo esifana nalesi angeke neze athandabuza ukusincoma kuNdunankulu, ngenhoso yokuba kuqedwe ukuthathwa kancane kwezakhimizi ezivotayo.

"Abantu abakhele amawadi wonke ngaphansi kweNquthu, bayanxuswa ukuba baphinde baqinisekise ukuthi babhalisile ukuba bavote, nokuthi futhi banabo omazisi."



treasury

Department:
Treasury
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



Nkk. Belinda Francis Scott
uNgq. wezeziMali

ISIMEMEZELO

UNGQ. SCOTT WETHULA ISABELOMALI SESIFUNDAZWE ESISHAYAMTHETHO

UNgqongqoshe woMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal, uNkk Belinda Francis Scott, uzothula inkulomo yeSabelomali sesiFundazwe kunyakamali wezi 2017/2018 esiShayamthetho, eMgungundlovu mhlaka 07 March 2017.

Lesi sabelomali siyimpendulo kaHulumeni kumphakathi futhi sigcizelela ukuzibophezela ekwenzeni ngcono izimpilo zabahlwempu kulesi Fundazwe. **UNgq. Scott** uzogcizelela ukubaluleka kokuphathwa ngobuhlakani kwezimali kanye nosekuzuzwe yisifundazwe okuhambisana nombono waso wokuthuthukisa izimpilo zabantu.

USUKU: 07 March 2017

ISIKHATHI: 10h30

INDAWO: EsiShayamthetho, eMgungundlovu

**NGOKUBAMBISANA SIQHUBEZELA
IKWAZULU-NATAL PHAMBILI**



Ezinye zezitshudeni ebesihambele lolusuku

UMPHAKATHI UKUTHAKASELE UKUGUJWA KOSUKU LOLIMI LWEBELE EBULWER

■ Isintu sonkana kufanele sizihluphe ngokufunda sibe nolwazi, singagcini lapho futhi sibhale ngolwazi olunaso.

PHIWASE SHABALALA

UMnyango Wezobuciko Namasiko kulesifundazwe ulugubhele eBulwer ngaphansi kwe Harry Gwala usuku lolimi Iwabele ezweni.

Umphakathi wakulendawo ukhombise ukuhlabeka umxhwele ngezikhulumi ebezisina zidedelana zithi makuqale abanikazi bolimi balukhulume ukuze Iuvikelekele. UNgqongqoshe walomnyango uNkk Bongiwe Sithole-Moloi udonse abantu ngendlebe ukuthi bafundise izingane zabo ulimi Iwabele namasiko azo.

"Uma ukhuluma nomuntu ngolimi Iwakhe uyachazeka futhi ezwe kahle" kusho uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi.

Izazi ngamasiko nolimi lomdabu ezsuka ezikhungweni zemfundu ephakeme nasebuholini bomdabu kulesiFundazwe zishiyelane

inkundla ziphawula ngokuthi kungavikelwa kanjani okomdabu ngisho nolimi imbala.

Lomcimbi uguje ngenhlokomo yengoma, indlamu, izinkondlo, imibukiso yobuciko okubalwa imidwebo, imfanekiso ebaziwe, imisebenzi yezandla, imithi yendabuko kanye nokudla kwesintu. Lolusuku lokubungazwa kokukhulunywa kwezilimi zomdabu, Iuqondane nosuku lokugujwa kosuku Iwamasosha emhlabeni wonke jikelele, lapho iNingizimu Africa ibikhumbula amasosha ayo angama 616 ashona empini yomhlaba yokuqala ngo 1917 lapho umkhumbi i SS mendi yatholana phezulu neSS Darro yazika olwandle.

Udukotela Nakanjani Sibiya ukhulume ngokugcinwa kolwazi ngokulubhala phansi kanye nokulidulisela phambili usebenzisa

ulimi Iwakho Iwabele ukuze lube usizo nakwabanye. Uthe isintu sonkana kufanele sizihluphe ngokufunda sibe nolwazi, singagcini lapho futhi sibhale ngolwazi olunaso.

UNgqongqoshe uSithole-Moloi uchazele abebekhona ukuthi umnyango uvele usuqalile ukuqoqa umlando wabantu ngakho-ke isikhalo sabanye osolwazi ngokuthi ulwazi aluqoshiwe phansi sesiyaphenduleka.

"Abasebenzi balomnyango engiwuholayo sebephumile bayoqopho imilando yabantu nesiko IamaZulu, bazobuya bayilondoloze kahle ukuze itholakale nangemibhalo kanye nelalelwayo zigcinwe kuma CD" kusho uMaSithole Moloi.

UNgqongqoshe uthe ukugcinwa kolimi kuyosiza ekutheni umlando uqondakale kahle nemibuzzo



UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi, ethula inkulumo.

ekhona iphenduleke mayelana nokuhlobana kwezizwe, imvelaphi kanye namagugu.

Ugcizelele ukuthi noma ngabe iluphi ulimi olukhulumayo, kubalulekile ukuthi uziqhayise ngalo futhi ulwazi kahle.

Lokhu uthe kuyokwenza ukuthi imilando yesizwe nesintu sonkana ingalahleki.

UNgqongqoshe uSithole-Moloi usebenzisa lomcimbi ukuklomelisa ngezitifiketi nemali izikole, ababhali abazimele nabanye abasemajele ngokudla umhlanganiso emncingtisanweni wokubhala izinkondlo.

Izikole zona zihlomule ngemali yokuthenga izincwadi. Abaphume phambili bathole yizi R5000.00 kwabaphume isibili kwaba yizi R3000.00 kanti abalale isithathu nesine bagoduke nezi R2000.00 umbhalu ngamunye.

"Abasebenzi balomnyango engiwuholayo sebephumile bayoqopho imilando yabantu nesiko IamaZulu, bazobuya bayilondoloze kahle ukuze itholakale nangemibhalo kanye nelalelwayo zigcinwe kuma CD."

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi





LEGOTLA - UBE IMPUMELELO UMHLANGANO WOBUHOLI BESIFUNDAZWE LAPHO BEKUDINGIDWA NGESIMO SESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL





Kwezobunxele, inhloko yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uDkt Siphiwe Mkhize, uNgqongqoshe uThemba Mthembu noNksz Nomfuzo Mkhize ngesikhathi umNyango uhangene nabezindaba mayela nodaba lwe Army Worm esifikile nakulesisiFundazwe

UMNYANGO EZINHLELWENI ZOKULWISANA NESIHLAVA ESIZIWA-FALL ARMYWORM

UmNyango usebenzela ekuqhamukeni nezixazululo ezisheshayo ukubhekana ngqo nokuqubuka kwalomkhosi ohlasela ezinye zezitshalo.

LONDIWE NGIDI

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ushaqekile ukuthola ukuthi nalesiFundazwe sesifikile nakulesiFundazwe njengoba kade sisabikwe kwamanye anjengawo Limpopo nawo North West, Iapho sibonakale ngoDisemba nyakenye. Ukuxwayisa ngalesisihlava esaziwa nge Full Army worm esihlasela hlaselwe sibulale zitshalo ezifana nommbila, amazambane kanye nobhontshisi, umNyango ubone kubalulekile ukubambe ingqungquethela nabezindaba ngalokhu ukuze umphakathi wazi kabanzi uphinde uzilungiselele ngalesisimo.

"Ngifuna ukuqinisekisa abantu baKwaZulu-Natali ukuthi siwuMnyango siqaphe ngeso lokhozi ukuthi lesi sihlava asiwenzi umonakalo omkhulu kulesi siFundazwe." Kusho ungqongqoshe esithangami nabezindaba. Lesi sihlava sisatholakale esindaweni ezakhele siFunda saseMajuba, uThukela, uMkhanyakude kanye neZululand. Ucwanningo olwensiwe luhombise ukuthi esihlava siqala

ukutholakala eNingizimu Afrika kanti kuvela nokuthi sidabuka emazweni aphesheya okubalwa amazwe afana ne Melika, Argentina kanye neBrazil. Kuseyindida ukuthi sifike kanjani kuleli njengoba sesinezimpawu zokubhebhetheka nje.

UmNyango usebenzela ekuqhamukeni nezixazululo ezisheshayo ukubhekana ngqo nokuqubuka kwalomkhosi ohlasela ezinye zezitshalo. Usuthumele abahloli kuso sonke isiFundazwe ukubheka izindawo ezhlaselwe yilesi sihlava ukuze kutholakale isibalo esicacile somonakalo osudalekile. Kuzophinde kuqwasiswe kufundiswe abalimi ngalesi sihlava ukuze kubelula kubalimi ukusibona sisheshe singandeke kungakadaleki umonakalo omkhulu.

UMthembu ukucacisile ukuthi uMnyango awunayo imali eyanele yokunxephezelwa abalimi abakhahlamezwu yilesi sihlava kodwa bazoqinisekisa ukuthi wonke amapulazi asehlonzwe njengahlaselekile ayithola imithi nezinsiza zokulwisana nalesisihlava. Uqinisekisile nokuthi umNyango uzmisele

ngokusebenziana nabalimi ukuthola ezinye izindawo ezithintekile. UNgqongqoshe unxuse abalimi ukuba basheshe babike noma yini abayisolwa sengathi iyilesi sihlava.

Okuhlukile ngalesi sihlava (i-army worm) ukuthi sizala amaqanda angu-250 ngosuku, iwachamisele ezinsukwini ezintathu, iphinde ihambe indawo engango100km kumjikelezo wempilo yayo.

Lokhu kukhombisa ngokusobala ukwanda nokusabalala ngokushesha kwalezilwanyana.

"Intu eyenza i-Army worm idale umonakalo ukuthi asisikabi nawo umuthi olungele ukulwa nayo njengoba bekuyisihlava esisha kuleli kodwa khona amakhemikhali azosetshenziswa ukulwisana nalesisimo.

Ngakho kudingeka ukuthi sicubungle ukuze siqhamuke nomuthi ongakwazi ukumelana naso, kodwa akukubi kangako".

Kusho uFikile Qwabe ongumunye wabacwaningi bezitshalo emNyangweni.



UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yase Makhaya ngesikhathi ekhuluma nabezindaba ngezindaba ngesimo sokuhlasela kwe Army Worm esifiFundazweni

"Ngifuna ukuqinisekisa abantu baKwaZulu-Natali ukuthi siwuMnyango siqaphe ngeso lokhozi ukuthi lesi sihlava asiwenzi umonakalo omkhulu kulesi siFundazwe."

HLOMA NGOLWAZI LOKUFUYA NOKUKHIQIZA IZIMBUZI UKUZE UHWEBE NGAZO

UmNyango usebenzela ekuqhamukeni nezixazululo ezisheshayo ukubhekana ngqo nokuqubuka kwalomkhosi ohlasela ezinye zeziitshalo.

PHUMZANI NDLANGAMAN

Yini egcina izimbuzi ziphile kahle? Isilwane simanasosha avikela umzimba waso ngaso sonke isikhathi.

Lamasosha andiswa ukuphila komzimba nomsoco ewutholayo imbuzi.

Amagciwane uma ehlaselwa umzimba wembuzi esesimweni esihle ayahluleka anqobeke ngokushesha, ngakho imbuzi edla kahle futhi enakekelwa ngokwanele ayijwayele ukugula.

Uma imbuzi ithola umsoco owanele ngezikathathi ezzinzima okungaba ubusika, isikhathi lapho imithi okanye incelisa, umzimba wayo uyakwazi ukuzivikela ezifweni eziningi.

Nalapho ibhekana nezimo ezifana nokushisa kwelanga, amakhaza okanye imvula, iyashesa futhi ukululama.

Imbuzi ephile kahle, umzimba wayo uyakwazi ukulawula izimuncagazi.

Uma isilwane sike sahlaselwa yisifo phambilini salulama, kwakheka amasosha omzimba akwaziyo ukumelana naleso sifo uma sesiphinda sihlasela.

Kumqoka ukuthi umfuyi aqaphele ukuthi ukufaka noma ukungena kwezimbuzi zangaphandle emhlambini wakhe kungafaka izifo ezimbuzini zakhe ezingeke zikwazi ukumelana nazo nokuyinto engandisa izindleko zokunakekela umhlambi wakhe.

Qikelela ukuthi izimbuzi ezifikayo ngaphambi kokuthi uzifake emhlambini wakho seziginyelwe izifo zendawo futhi azifiki nezifo zangaphandle.

Uma ugoma imbuzi usuke ufaka isifiso esisuke sesithanjiwi ukuze kwakheka amasosha azomelana naleso sifo lapho sesihlasela okwangempela.

Yehlukene nayo imigomo belu, kukhona efuna ukulandeliswa njalo emva kweikhathi esithile kuhinde kube khona leyo oyijovwa kanye bese ingaphinde idingeke.

Qinisekisa ukuphinde ujove izimbuzi zakho ngaleyo mijovo efuna ukulandeliswa ukuze ugcine



Inkulu imakethe ekhona yezimbuzi esiFundazweni nasemazweni angaphandle, okubalulekile ukunakekeleka kwazo ukuba zilungele imakethe.
Izithombe: **MBUYISELO NDLOVU**

izimbuzi zakho ziphilile. Kubalulekile ukuthi amazinyane asanda kuzalwa anccla isithubi ngoba yilapho ethola khona ukugomeka ngezifo zendawo.

Lokhu kufanele kwenzeke ngaphansi kwamahora angama 24 izinyane lizelwe.

Noma ngabe amasosha omzimba wezimbuzi asesimweni esihle kangakanani, kodwa uma zihlale zilabile futhi zingondlekile kahle, zisengcupheni yokungenwa ukugula kalula futhi zehluleke ukumelana zakho ngoba amasosha omzimba wazo asuke esebuthaka.

Izifo eziningi ngokuhamba kwesikhathi ziyawahlula amasosha embusi elambileyo noma engondlekile ngokwanele ngoba isuke isintekenteke. Kungono ukuthi ujwayele ukuphakela izimbuzi zakho ngendlela efanele ukuze zihlale zisesimweni esihle nesigculisayo. Uma kwenzenka

igula, leyombuzi kulula ukuthi ilulame ngokushesha kunembuzi elambile okanye ezacile.

Imbuzi engenwa ukugula iphakelwa kahle, kulula ukuthi izililamele ngikwayo ngaphandle kokuthi ize ilashwe.

Ngakho-ke kubalulekile ukuthi izimbuzi zakho zibe nokudla okwanele futhi okusezingani elifanele ukuze zikwazi ukugcina amasosha emizimba yazo esesimweni esihle ukuze ezokwazi ukulwa nezifo.

Imbuzi ephakelwa noma edla kahle, ngokujwayelekile iba namasosha omzimba asebenza kahle. Ebusika lapho ukudla okunomsoco kungenele, izimbuzi zingangenwa kalula yizifo.

Izimbuzi ezidla ngendlela efanele, ngokujwayelekile zikhqiza kangcono, zikhqiza nobisi oluningi, zikhule ngokushesha futhi zilamanise esikhathini esifushane

(ngokujwayelekile zizala kathathu eminyakeni emibili).

Kumqoka ukuthi umfuyi azi ukuthi izimbuzi zidlani.

Izimbuzi zidlana amaqabunga ezihlahla kanye notshani futhi ziyetshisa. Ukuze izimbuzi zikhule kahle, kubalulekile ukwenza uhlelo lokudla lonyaka wonke ukuze zidle ngokwanele unyaka wonke.

Umfuyi engakwenza lokhu ngokuhlela amadlelo akhe ukuze zingasweli ukudla noma kusebusika okanye kugasela isomiso.

Ukudla okwanele kwenza umzimba wembuzi ubo sesimweni esihle nesisindo sibe sesimweni esikhale nokuyinto enhle lapho sekufanele uyidayise okanye uyihiabe.

Imbuzi eyodwa iphuza amalitha amathathu kuya kwangama-20 kuya ngokuthi ikusiphi isigaba sokuncelisa, ukushisa kwelanga, isomiso njalonjalo.

Izimbuzi ezincelisayo zinesidingo esikhulu samanzi.

Esikhathini lapho amazinga okushisa ephezulu, kanjalo nesidingo sokuphuza amanzi siyenayka.

Kubalulekile ukuthi amanzi aphuzwa yizimbuzi ahlanzekile ukuze kugwemike izifo.

**ULWAZI LUCASHUNWE
EBHUKWINI LOKUKHIQIZWA
KWEZIMBUZI
ELITHOLAKALAYO
EMNYANGWENI WEZOLIMO
NOKUTHUTHUKISWA
KWEMIPHAKATHI YEZOLIMO**



SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**
izimpilo zabantu



Izihambeli zengqungquethela yokucobelelana ngolwazi nobuchwephesho kwezolimo.
UJacob Tembe osebenzela umNyango ethula inkulomo yakhe. Izithombe: MBUYISELO NDLOVU



UCWINGO LUDLAMA INDIMA ENKULU EKUSIMAMISWENI KWEZILIMO

■ Ukunqoba ububha kungumphumela wemigudu emide ebandakanya ukutshalwa, ukulungiswa kokudla ukuthi kube ngokulungele ukudliwa, ukusatshalaliswa kwakho nokudliwa kwakho.

PHUMZANI NDLANGAMANDLA

Nakuba kuHlasela izinhlobohloboi zeziFO eztishalweni ezibulala ziQothule eztishalweni kepha umNyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni ngokubambisana nezinye izinhlaka kanye nabalimi basaloku ubebambisene ekughubeni ucwaningo kwezolimo.

UNkkz Nomfundo Mkhize onguMqondisi kwa-Agricultural Training Institutes ekhuluma egameni leNhloko yomNyango uDkt Siphiwe Mkhize, uthe kunokulumbana okunzulu phakathi kwezolimo nomnotho njengoba ezelimo zibamba elikhulu iqhaza ekufukulweni komnotho wezwe laseNingizimu Afrika yonkana kuze kufike ekutholakaleni kokudla emakhaya.

Nakuba kunjalo, uNkkz Mkhize ubuye wakuveza ukuthi nakuba

isiFundazwe sibambe elikhulu iqhaza kwezolimo, kodwa isenkulu inselelo ngabantu abangakwazi ukufinyelela ekudleni okunomsoco odingwa yimizimba ngenxa yamanani amba eqolo.

"Izinga eliphezulu lokungalingani, ububha, ukungasebenzi kanye nokuthembela kakhulu emalini engenayo lapha KwaZulu-Natali yikhona kanye okwenza imindeniyalesiFundazwe ingabi nakho ukudla okwanele.

Inzika-Mnopho yango 2015/16 nayo isiggeme udume Iwengozi ngoba iholele ekutheni kwenyuke intengo yokudla ezitolo." Kusho uNkkz uMkhize.

Eghuba uthe inzika-mnopho igadle kakhulu kulabo abentulayo nakulabo abangazibandakanyi nezdimo ngoba kudingeka bethenge njalonje.

Uthe ngenxa yalokhu, umNyango uzibophezele ekufukuleni umnotho

wasemakhaya nokuqinisekisa ukuba khona kokudla emiphakathini.

"UNgqongqoshe walomNyango usemememezele ukuthi ukubakhona kokudla kubantu balesiFundazwe kuyinto ezoba seqhulwini ezinhlelwani zomNyango.

Phakathi kwazo zonke izinhlelo esinazo, sizoqhakambisa lolu lokufukula umnotho wasemakhaya njengokomyalelo woMnyango wezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuZweLonke", kwephetha uNkkz uMkhize.

USolwazi u-Unathi Kolanisi oyiNhloko yoPhiko Iwakwa-Consumer Science eNyuvesi yakwaZulu, oNgoye, ugeqe amagula ekhuluma ebhekise kubalimi nakuzihambeli zonke lapho ethe khona kufanele bazibuze ukuthi ukudla obakukhiquzayo kungokufanele yini ukondla isizwe.

Waqhuba wathi ukudla umuntu akudlayo akusho ukuthi useyakwazi ukumelana nendlala, kodwa kuya ngokuthi hlobo luni lokudla akudlayo futhi kunazo yini izakhamzimba ezidingekeyo emizimbeni.

"Njengoba izazi zezempiro zigqugquzela impilo enhle nemizimba ephilile, sidinga izakhamzimba nemisoco ethile emizimbeni yethu.

Uma udlala ukudla akusho ukuthi uayayithola leyo misoco edingekayo emizimbeni, kodwa yilokho okukhethekile okuqukethe izakhi nemisoco ekhethekile.

Ngamafuphi asidingi ukondla isisu zethu, kodwa imizimba. Ngakho-ke kufanele sonke sizibuze ukuthi ukudla esikukhiquzela imiphakathi kungokufanele yini ukondla isizwe", kwenaba uSolzwazi uKolanisi. Ngokusho kwaleNjulalwazi, indlala iyobe

isinqotshiwe uma bonke abantu sebekwazi ukufinyelela ekudleni okwanele, okunomsoco nokugculisa imizimba, hhayi nje izisu kuphela.

"Ukunqoba ububha kungumphumela wemigudu emide ebandakanya ukutshalwa, ukulungiswa kokudla ukuthi kube ngokulungele ukudliwa, ukusatshalaliswa kwakho nokudliwa kwakho.

Uma yonke lemigundu seyenzekile, bonke abantu ngasosonke isikhathi bazobe sebekwazi ukufinyelela ekudleni okumenisoco efanele imizimba, ngakhe-ke indlala iyobe isinqotshiwe", kwephetha uSolwazi Unathi Kolanisi othe indlala akusikho ukungabikho kokudla, kodwa ukungabikho kwemisoco nezakhamzimba ekudleni esikudlayo.



KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

IMBIZO KA NDUNANKULU

UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal uMnumzane Willies Mchunu umema umphakathi waseNquthu embizweni, ezoba ngoLwesithathu. Kulembizo kuzobe kubhungwa kabanzi ngezinhlelo zikaHulumeni zokuletha intuthuko. Umphakathi uyanxuswa ukuba ugcine isikhathi ngoba lembizo izoqala ekuseni.

Imininingwane ihlelwani kanjena:

08 March 2017

09h00

Maduladula (eduze kwehholo lomphakathi) • Ward 7- Nquthu Ezokuthutha umphakathi zihleliwe, xhumana neKhansela lendawo.

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving KZN Vision 2035



www.kznonline.gov.za

OWEZEMFUNDU KWAZULU-NATAL UNIKEZA ABAFUNDI ITHUBA LESIBILI

SIHLE MLOTSHWA

UMnyango weZemfundu KwaZulu-Natali wanelisekile ngendlela eziqale ngayo izivivinyo zokuchibiyela zango 2017. Izivivinyo zokuchibiyela zango 2017 ziqale mhla zingu 22 ku Nhlolanja kanti zizophela mhla zingu 30 ku Ndasa ka 2017. Kulonyaka ka 2017, bangu 26 111 abafundi ababhala izivivinyo zokuchibiyela. Laba ngabafundi abangazange bakwazi ukuphumulela izivivinyo zebanga leshumi zango 2016.

Bangu 900 abantu abaqashelwe ukumaka kulezivivinyo. Ukumaka kuzoqalal mhla zingu 3 ku Mbasa kuphele mhla zingu 07 kuwo uMbasu ka 2017.

UMphathiswa weZemfundu KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, ufisele bonke abafundi ababhala izivivinyo zokuchibiyela zika 2017 impumelelo. "Sifisa bonke abafundi ababhala lezizivivinyo zokuchibiyela impumelela, sithi kumele balisebenzise ngobuhlakanilelithuba lesibili abaliphiwa uMnyango," kubeka uMphathiswa uDlungwana. Imiphumela

yalezizivivinyo izophuma mhlazingu 5 kuNhlaba 2017.

Loluhlelo lokubhala izivivinyo zokuchibiyela lungaphansi kohlelo loMnyango weZemfundu olubizwa nge Second Chance Programme, okuhloswe ngalo ukunika abafundi abangaphumelelanga kwizivivinyo zebanga leshumi ithuba lesibili.

Loluhlelo olubizwa nge Second Chance Iuhlukene izigaba ezintathu. Isigaba sokuqala yilesokubhala kwezivivinyo zokuchibiyela kulabo abangaphumelelanga kodwa bekwazi (ingenxa yemiphumela yabo) ukubhala izivivinyo zokuchibiyela zango Nhlolanja nango Ndasa.

Esinye isigaba yilesokubfundi ababhale izifundo ezimbalwa (modularised examinations) ngo 2016, asebozabhala ezinye izifundo ezisele ngo 2017 ukuza bathola izitifiketi zabo. Isigaba sesithathu yilesos esisiza labobafundi abangaphumelelanga ngo 2016, baphinda bangaphumelela kwizivivinyo zokuchibiyela zika 2017, bese benikwa ithuba lokubhala izivivinyo zokuphela konyaka.



UMphathiswa uDlungwana ehlola ukuvivinywa kwabafundi kwisiFunda sase Zululand. Isithombe: SBONELO QWABE

"Ngaloluhlelo Iwe Second Chance, sisophe ukujinisekisa ukuthi aekho umfundu olahlekelwa ithiba lokufunda singekho isidingo. Sifuna

bonke abafundi abangaphumelelanga balisebenzise lelithuba lesibili, ngoba inhoso yethu enku

ukuvala amathuba okufunda nokwandisa amakhono kabantwana bethu," kubeka uMphathiswa uDlungwana.

Owezemfundo nohlelo Iwama Soul Buddyz

NOMPUMELELO GASA



Ama Soul Buddys. Isithombe: SBONELO QWABE

UMnyango weZemfundu KwaZulu-Natali ubambe inkomfa yama Soul Buddyz mhlaka 17-19 February 2017, e Meet Mekaar, eMtubatuba. I Soul Buddyz ingezinye yezinhlelo uMnyango ogqugquzelala ngayo ukuziphatha kwabafundi, ukuba usizo emiphakathini abayakhele kanye nokukulekelela labo bafundi abagcina bephazamiseka ngenxa

yezinkinga ezahlukahlukene. UMnyango ulokhu ukhombise njalo ukubakhathalela abafundi balesisi Fundazwe.

Lokhu kuggame bha ngenkathi uMnyango uzibandakanya nesikhungo esaziwa nge Soul City Institute ngenhlosi yokuqhamuka namasu okulekelela abafundi ikakhulukazi labo abasengcupheni

yokungasiqedu isikole ngenxa yezinqinamba ababhekana nazo, okubalwa kuzo ukuphazamiseka kokufunda komntwana ngenxa yezinkinga ezimkhungethe ekhaya, ukuhlukunyezwa ngokocansi, ukuphinda phinda ikilasi ngenxa yokuthatha kancane uma kufundiswa.

Loluhlelo luqalise ngokungelela ezikoleni zamabanga aphansi kubafundi abaneminyaka eyisishiyagalolunye kuya kweyishumi nane.

Ucwanningo luveze ukuthi ushntsho kubantwana luggama uma bekuleminyaka.

Kwezinye izikhathi lolushintsho lubangelwa ukuhlukumezekwa emakhaya kanye no kuhlukumezwala ngokocansi.

UMnyango njalo uma kuqalwa unyaka uba nenkambi lapho kucijwa khona abafundi ngokuziphatha kanye nokuphatha abanye abafundi ngendlela, ukuba usizo kozakwabo kanye nasemiphakathini abayekhele

uphinde ube nomncintiswano wokubonga othisha nabafundi abasebenze ngokuzikhanda ukujinisekisa ukuthi loluhlelo luba impumelelo.

Lonkomfa ibihanjelwe nayisekela loMqondisi omkhulu eMnyangweni, elibhekelele igatsha laka Institutional Development Support, u Judy Dlamini.

Ekhulumfa kulenkomfa uNkk Dlamini ukubeke kwacaca ukuthi uMnyango uyaziqhenya kakhulu ngaloluhlelo ngoba liba nomthelela omuhle ekukhuleni kwabafundi futhi bayafundiseka kakhulu ngezinto ezithinta ukuziphatha ukuze bagcine bebe nekusasa eliqhakazile.

"Unyaka no nyaka loluhlelo luya ngokuthuthuka, nokuyinto esiyithakasela kakhulu njengoMnyango.

Ngithanda ukuncoma umsebenzi omuhle owenziwa abafundi kanye nothisha, abafundi bethu bakhombisa elikhulu ikhona elidlula ngisho iminyaka yabo,"

kubeka u Dlamini. Emncintiswaneni wokukomelisa abafundi abenze kahle kuloluhlelo Iwama Soul Buddyz kubalwa i Ashdown Primary School eqhamuka eMgungundlovu District, ephume isithathu ngokupheka isidlo ekhaya labantu abadala nge Mandela Day. Abaphume isibili kwaba iFezokuhle Primary School nayo eqhamuka eMgungundlovu District yona ngokuhlela inkambi yokucobelela ngokuziphatha kwabafundi abakhele isiFunda sase Mgungundlovu.

IBaxoleleni Primary School iyona eyabaqwaqwada emakhanda ngokufulela amagumbi ayishumi esikole bafaka neceiling board noxhaso luka R300 000 abaluthola ngosizo Iwaka Umngeni Water.

**uMphathiswa weZemfundu KwaZulu-Natal,
uMhlonishwa uMthandeni Dlungwana ujisela bonke abafundi
ababhala izivivinyo zabo zokuchibiyela zika 2017 impumelelo**



UMNYANGO USAQHUBEKA NOKUBEKA IMIPHAKATHI YASEMAKHAYA EQHULWINI EZINHLELWENI ZAWO

MBUSO MFEKA

Ukusetshenziswa kwemali kaHulumeni ngendlela engahalelekile ngokwanele sekuholele ekulahlekeni kwezizumbulu zezimali ebibekelwe ukuthuthukisa imiphakathi cishe kuyoyonke imNyango nawoMasipala. Eminye imisebenzi iyaqalwa ngaphandle kokuhlelwa kahle nangaphandle kokuthintana nokuhlela kwamazinga ahlukene kahulumeni.

Eminye iqale kahale bese kuba imiphakathi eyidicilela phansi, ongaba ukungawunakekeli umsebenzi noma ukungaziznikeli emsebenzini nokunye okungi. Lezizizathu nezinye zibangela ukuthi intuthuko igcine ingawenzanga umehluko okade uhlosive. Iizindawo zasemakhaya, eziningi zazo zibheke ukusizwa uHulumeni emisebenzini eziyiqalayo ngenxa yokushoda kwezindawo ezifana namafemu nokunye.

UmNyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya, ngaphandle kokuqinisekisa ukubakhona kokudla okwanele esiFundazweni sonke uphinde ubhekane nenselelo yokuqinisekisa ukuyiswa kwentuthuko ezindaweni zasemakhaya.

LesisiFundazwe singesinye seziFundazwe ezakhelwe ingxenyen enkuI yemiphakathi yasemakhaya.

UmNyango ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe uThemba Mthembu usebenzela ezinhlelweni ezididiyelo, lapho onke amasinga kaHulumeni, imiNyango kaHulumeni ehlukene kanye nezinhlaka zomphakathi ezahlukene zihlangana ukuba zidingide amasu okwenza intuthuko yasemakhaya isebenze kangcono. Lokhu kubonakale ngezithangami uNgqongqoshe

walomNyango esehlangane nezinhlaka ezifana nobuholi bendabuko, izinhlaka zezolimo neminye imikhakha ethinteka ngqo entuthukweni yemiphakathi.

Lokhu uNgqongqoshe uqinisekisile ukuthi kuzokwenzeka ngokuambisana nangaphansi kwemigomo kahulumeni omkhulu ngaphansi kohlelo Iwentuthuko lukazwelone


Lokhu kubambisana ekuhlelweni kwemisebenzi yentuthuko yasemakhaya kulindeleke ukuba kuqinise izinga lokusebenzisana nokuletha intuthuko emphakathini, kuhinde kuqinisekise nokubandakanyeka kwezozonke izinhlaka zikahulumeni ekuhlelweni nasekuqhubeni umsebenzi kuhinde kuqinisekise nasekwensiwi kocwaningo olufanele ngaphambili kokuqala komsebenzi.

Ngalokhu umNyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya uzokwazi ukuletha izidiso ezifanele komasipala ngomasipala ngokohlahlomali Iwabo nolomNyango, kuthuthukiswe imiphakathi yasemakhaya ngokwenziwa kangcono kwezidindo zavo.

Lokhu kungaphinde kwenze imiphakathi ibenokuqonda okungcono mayelana nendlela amasinga kahulumeni asebenza ngayo ngokunjalo nokusebenzisana kwemiNyango ehlukene ukududla intuthuko emphakathini, ikakhulukazi emiphakathini yasemakhaya.

UNgqongqoshe uMthembu omunye wemibono yakhe ukubona imiNyango ibanezinhlelo ezibambisene nezididiyelo kusatshalaliswe intuthuko yasemakhaya ngendlela enokuhleka okuhambisana nezinhlelo zikhulumeni omkhulu.

Lokhu kuzokwenza kungabi nesimo lapho kuzovuleka igebe



UNgqongqoshe woNyango wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu

kuthikamezeke ukulethwa kwentuthuko emphakathini yaseMakhaya.

Ngokuchaza kukaMnu Mthembu, kuningi okungenzeka kulezizindawo ezisemakhaya okungakhupula izinga lempilo yaloluhlobo Iwemiphakathi.

“Abantu bancamele ukusuka ezindaweni zasemakhaya bayosebenza emadolobheni ngenxa yokushoda kwezinto eziyisidindo njengogesi, ubuchwephesh, amanzi ahambayo kanye nezinye izidingtonqangi.

Ngokubambisana nemNyango yonke sizoqinisekisa ukuthi lezizidindo ziyafika emiphakathini yasemakhaya”. Kuchaza uNgqongqoshe uMthembu.

Okunye aphinde wakabalula ngokuthuthukisa imiphakathi ukabaluleka kokwenza ucwaningo oluyilo oluzeletha isithombe esiyiso ngendawo ukuze uhulumeni alethe izidindo okuyizo ezidingekile nangobungako besidindo.

UMnu uMthembu uhleze ekugcizelela ukabaluleka kokuxhumana kwezinhlelo zemiNyango ehlukene kahulumeni okungaholela ekufezekeni komgomo kahulumeni omkhulu wokuthuthukisa lezizindawo zasemakhaya.

Lokhu kungaphinde kuqinisekise intuthuko kusukela ewadini kuyaphezulu.

Kuhinde kusize amazinga kahulumeni ekubhekeni ukuthi lowomsebenzi uyayenza yini into obubekelwe yona bese kubonakala nomthelela umsebenzi owenziwe obenawo ekuthuthukiseni imiphakathi yasemakhaya.

Ngalokhu uNgqongqoshe ugcizelela kakhulu ekusheshiseni izingxoxo nazozonke izinhlaka zikahulumeni ukuze kudwetshwe isu lokulethela imiphakathi yasemakhaya intuthuko edidiyelo nezosheshe ibenomthelela ezimpilweni zabantu basemakhaya.

Ukuhanjisa kwentuthuko edidiyelwe emiphakathini yasemakhaya kungaqinisekisa ukuthuthuka komnotho, kudaleke amathuba emisebenzi ikakhulukazi emazingeni amawidi kuyakomasipala.

Kungaphinde kuqinisekise nokugcineka kwamakhono okuyikho okungaqinisekisa inqubekela phambili yomphakathi ezintweni ezinjemfundo, ezemisebenzi, ingqalasizinda,

ubuchwephesh nokunye. UmNyango kucacile ngophansi kobuholi buka Mvelase imiphakathi yasemakhaya luhlu olubhekeke ukuba lusize imiphakathi yasemakhaya ngendlela edidiyelo nehlelekile.

Umholi womNyango ukhuthaza ukusebenza ngendlela ezoginisekisa ukuthi izinhlaka zonke ziyathinteka entuthukweni kanti nemali isebeza ngokwemigomo kahulumeni ebekiwe ukuze kugwemeke ukusebenze kwemali yabakhokhi bentela iphindaphinda imisebenzi egcina ngokungayisizi imiphakathi yasemakhaya.

**“Abantu
bancamele
ukusuka
ezindaweni
zasemakhaya
bayosebenza
emadolobheni
ngena
yokushoda
kwezinto
eziyisidindo
njengogesi,
ubuchwephesh
e, amanzi
ahambayo
kanye nezinye
izidingtonqangi.”**

NGISEBENZA NGOBUQOTHO NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE

0800 596 596

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**